

Indaba: Inkosi inkosazana

Ibhalwe nguXolisile Mbali Mabaso

Emandulo esigodini sakwaMthethwa endaweni yakwaMathema kwakuneNkosi eyayibizwa ngoNdabezitha njengawo wonke amakhosi. UNdabezitha wayenamadodana amabili endala kunguVusumuzi, elandelayo kunguMuzwakhe neNkosazane eyodwa okunguMakhosazane. Ngeshwa elikhulu nokuzuma okumangazayo uNdlinkulu yena engasekho emhlabeni.

UNdabezitha usekhulile impela useyimpunga ngisho ekhanda, kanti namadodana akhe asekhulile asengakhona ukuzimela kodwa uNdabezitha akafunanga ukuba aphume ayozimele ngoba anobuxhwanguhwangu nobudlova awakwazi ukuphilisana nabantu. INkosazane nayo isikhulile kona akufani, ifundisekile, iyahlonipha, iyalalela, iyalandela nemithetho yeNkosi.

Kuthe ngelinje ilanga uVusumuzi ezhialele ebuka nje umcebo kababa, wabona ukuthi ubaba wakhe ucebile impela futhi uma nje engacela kubaba wakhe isabelo sakhe njenge ndodana endala naye impela uzogcina eseyiso isicebi njengoyise. Kodwa akaqonda ukuthi uma ethatha isabelo sakhe manje iNkosi isaphila lokho kusho ukuthi ngeke esaba yiNkosi uma uNdabezitha ekhethama.

Okumangazayo ukuthi noMuzwakhe naye lapho ehleli khona esicongweni segquma ayeahlala kulo njalo uma ecabanga, ucabanga into efanayo, kuyamfikela ukuthi akaye kubaba wakhe ayocela isabelo sakhe, ebona bonke ontanga bakhe esigodini sebezimele futhi bemdlula yena njenge ndodana yeNkosi. Phela yebo iqiniso lithi kumele engabe wuye njengendodana yeNkosi ocebe ukubadlula ontanga bakhe, kodwa ngenxa yokuswela ulwazi nemfundiso kanye nempatho uNdabezitha wakhetha ukungabaniki umcebo wakhe baze bazimisele ukufunda nokuziphathisa okwamakhosana.

Okuhle ngoMuzwakhe ukuthi wayehlakaniphile, yize ukuhlakanipha kwakhe wayekusebenzisa endaweni engafanele. Wahlalake uMuzwakhe egqumeni lakhe waceba icebo lokuthi uzoya kubaba wakhe afike azenze osezimisele ukufunda ngobukhosie bakubo. Ngempela wenza njalo, kwamjabulisa uNdabezitha lokho wazipha isikhathi sokumfundisa umfana ngobukhosie, noMakhosazane wayeba yiyo inxenyeye yezifundo uma ubaba wakhe efundisa umfowabo. Kwadlula izinyangana nje iNkosi yaba nokumethemba uMuzwakhe, yaqala yamnika imoto yasebukhosini kanye nemali wayemlungisela ubukhosie.

Lokho ke kwamcasula uVusumuzi, waze waya kubaba wakhe wayofuna isabelo sakhe, wathi uma efika kubaba wakhe eseyimpi uqobo lwayo, esho nokuthi iNkosi ayimuthathi njengo mntwana wayo. Kwamphatha kabi uNdabezitha lokho, yize kubuhluntu kodwa wamnika isabelo sakhe wabe ke esemchazela ukuthi ukumnika isabelo sakhe kumenza kungabe kusabanalutho olumhlanganisa nobukhosie bakwaMthethwa. UVusumuzi wayesejabulele imali nezinkomo nezimoto wangabe esabona ukuthi ubuyenya buyamlahlekela.

Wathatha isabelo sakhe uVusumuzi wahamba. UMuzwakhe wabona ukuthi engathi umfowabo usemeqele ngaphambili ngokufuna ukuphila impilo emandi efana neyezicebi. Wahlela itulo lokuthi abafana bamutshontshele izinkomo eziyikhulu ezinkomeni zikababa wakhe bazise endaweni azobakhombisa yona.

Abafana ke babemhlonipha kakhulu uNdabezitha bakhetha ukungenzi njengoba kusho uMuzwakhe kodwa bakhetha ukuyosho ebukhosini ukuthi indodana yeNkosi ihlela ini ngobukhosie. Wabe esedingiswa kanjalo ke uMuzwakhe ebukhosini. INkosi yamnika lesabelo

sezinkomo ayezozitshontsha wabe esemdingisa wamtshela ukuthi angaphinde alubeke eNdlinkulu.

Ngabo lobobusuku iNkosi yacabanga kakhulu ngesenzo samadodana ayo nokuthi ubani useyakuba iNkosi uma ekhothama. UNdabezitha wacabanga kakhulu waze wamelwa inhliziyu kwaba ngukukhethama kwakhe lokho. Kwaba ngukudabuka okukhulu esizweni sakwaMthethwa.

Ezinyangeni ezine iNkosi ikhoheme kwabe sekubekwa uMakhosazane njengeNkosi yakwaMthethwa. Wasiphatha kahle isizwe sikababa wakhe waze wanezela ezinye izindlela ezinhle zokuphila esigodini. INkosazane yabe isiba iNkosi njalo ke.

Abafowabo balahlekelwa okukhona ngokungekho. Ukube bamlalela ubaba wabo ngabe omunye uyiNkosi namhlanje, omunye ubezoba isekela. Libusisiwe igama elihle kunengcebo eningi, ukuhlonipha kukaMakhosazane kumenze iNkosi. Ukuhlonipha ukuyokwenza uhlale namakhosi kusasa.